








# *Intutwane evilaphayo*




Le ncwadi ngeka

---











*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit [bookdash.org](http://bookdash.org).*

*Intuthwane evilaphayo*

*(The Lazy Ant)*

Originally published as *uMbovane Owonqenayo* in isiXhosa

Illustrated by Unathi Dyani

Written by Cebo Solombela

Designed by Senzo Xulu

Edited by Linda Nelani

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Grahamstown on 12 November 2016.

ISBN: 978-1-928497-10-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

**Attribution:** You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

**No additional restrictions:** You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

**Notices:** You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

**No warranties are given.** The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.





*Intutwane  
evilaphayo*

**cebo solombela**

**unathi dyani**

**senzo xulu**





Kwakuyisikhathi sasehlobo kanti iningi  
lezintuthwane eDolobheni Lezintuthwane  
laliqoqa ukudla.


Kodwa uVilavoco Ntuthwane wayezilalele  
eqhiyeme ngomhlane phezu kwedwala  
ezishiselwa yilanga.











Ngenkathi unina nodadewabo  
bakaVilavoco Ntuthwane  
bematasa beqoqa ukudla, wavele  
wabathi klabe, washaya umlozi,  
wabalinda ukuthi baqede.








Kodwa uma sekuyisikhathi sokudla, uVilavoco  
Ntuthwane wayegxuma ngokushesha.














UVilavoco Ntuthwane wayehlale ekhalaza njalo uma enikezwe umsebenzi ukuthi awenze. Eqinisweni, wayevilapha ngendlela yokuthi wayengaze akhale imbala!

Esikhundleni sokusebenza, uVilavoco Ntuthwane wayevele axoxe into engapheli, ngakho kwakuthi uma sekuyisikhathi sokuya ekhaya, umsebenzi wakhe usale ungaphelile.











Ngolunye usuku unina kaVilavoco Ntuthwane,  
wamthola ezihlalele phezu kwedwala  
njengokwejwayelekile.







Unina wayethukuthele ngakho wamjezisa.

Emva kwalokho wamtshela ukuthi agcwalise isaka ngokudla. UVilavoco Ntuthwane wahhomuzela ngenkathi eqala ukusebenza. Wayazi ukuthi ngeke athole kudla uma wayengezukupusebenza.













Ekupheleni kwalolo suku, isaka likaVilavoco  
Ntuthwane laligcwele mfi. Unina wayejabule  
kakhulu ukubona ukuthi indodana yakhe  
isebenze kanzima kangaka.









Unina kaVilavoco Ntuthwane walungisa isidlo esikhethekile sasebusuku ukuze aklomelise indodana yakhe. Wasithokozela isidlo ngokuhlanganyela nezinye izintuthwane ezazisebenze ngokuzikhandla usuku lonke.







Ngakusasa ekuseni, uVilavoco Ntuthwane  
waba ngowokuqala ukuvuka, walungisela  
unina isidlo sasekuseni.










Zonke ezinye izintuthwane zethuka ngoguquko ekuziphatheni kukaVilavoco Ntuthwane. Wayehla enyuka enikezela ngosizo kunoma iyiphi intuthwane eyayiludinga.













Izingwevu zeDolobha lakwaNtuthwane  
zabungaza uguquko lokuziphatha kukaVilavoco  
Ntuthwane kanye naye.















Kanti-ke kusukela ngalelo langa, uVilavoco  
Ntuthwane wakubona ukubaluleka  
kokusebenza ngokuhlanganyela nabanye.

Ukusebenza ngokuhlanganyela kwakha  
ukuthula, injabulo kanye nokuzwana.



